


**NguMongameli uHenry B. Eyring**

UMeluleki wokuQala kubuMongameli  
BokuQala



# Inzuzo Yokubekezela Kahle

**N**genkathi ngisengumfana, ngasebenza eBandleni njengomeluleki kumongameli owesifunda owayehlakaniphileyo. Ngaso sonke isikhathi wayezama ukungifundisa. Ngisasikhumbula iseluleko anginika sona: “Uma uhlangabezana nomuntu, umphathe sengathi usenkingeni enkulu, esikhathini esiningi uzothola ukuthi uqinisele.” Ngaleso sikhathi ngangicabanga ukuthi wayengenalo ithe-mba. Manje, emva kweminyaka engu-50 edlulile, sengiyabona ukuba wayewuqonda kahle umhlaba kanye nempilo.

Sonke sinokuhlupheka esihlangabezana nakho—kwezinye izikhathi, ukuhlupheka okunzima kakhulu. Siyakwazi ukuthi iNkosi ivumela ukuba sihlangabezane nenhlupheko ukuze sihlanzeke futhi sibengabaqotho ukuze sizoba kanye Naye ingunaphakade.

INkosi yafundisa uMprofethi uJeseph Smith eJele laseLiberty ukuthi inzuzo yokubekezela ukuhlupheka kwakhe izomusiza akwazi ukufaneleka empilweni yangunaphakade.

“Ndodana yami, ukuthula makube semphefumulweni wakho; ubunzima bakho nokuhlupheka kwakho kuzokuba okwesikhashana;

“Futhi emva kwalokho, uma ukubekezela kahle, uNkulunkulu uyokuphakamisela phezulu; uyonqoba phezu kwazo zonke izitha zakho.” (iMf&V 121:7–8).

Izinto eziningi ziye zisihlule esikhathini sempilo yethu kubukeke kulikhuni ukuba sibekezele kahle. Kungabukeka kunjalo emndenini othembele ezitshalweni uma imvula ingekho. Bangacabanga, “Kuyoze kube nini sibekezele?” Kungabukeka kunjalo kumuntu osemusha ophikisana nokwanda kobubi kanye nesilingo esinamandla.

Kungabukeka kunjalo kumfana ohluphekayo ukuthola imfundo noma ukuqeqeshwa okufanele ukuze athole umsebenzi wokuba ondle umfazi kanye nomndeni. Kungabukeka kunjalo kumuntu ongakwazi ukuthola umsebenzi noma ohlukene nomsebenzi njengoba amabhizinisi evala iminyango yawo. Kungabukeka kunjalo kulabo ababuthakathaka ngokwempilo kanye namandla omzimba, lokho okungeza masishane empilweni kubona noma kulabo ababathandayo.

Kepha uNkulunkulu onothando akazange abeke izivivinyo kithina nje kuphela ngokuba efuna ukubona ukuba singabekezela ubunzima kodwa ukuba abone ukuthi singabekezela ngendlela ekahle futhi sithole ukuhlanzeka.

UbuMongameli Bokuqala bafundisa iGosa uParley P. Pratt (1807–57) ngenkathi maduzane eqeda ukubizwa njengelunga elisha lomGwamanda wabaPhostoli abaliShumi namBili. : “Unikezwe umsebenzi lowo ozodinga ukuba uzibophezelele ngokuphelele; . . . iba insimbi ecwebezelayo. . . . Kumele ukwazi ukubekezela ukufukuza, umsebenzi omkhulu, kanye nobunzima ukuze ucwebezele ngokuphelele. . . . UBaba wakho waseZulwini ufuna kanjalo; umhlaba ngoWakhe; umsebenzi ngoWakhe; futhi Uzoku . . . halalelisela . . . futhi uzokuphakamisa.”<sup>1</sup>

Encwadini yabaseHeberu, uPawuli ukhuluma ngesithelo sokubekezela kahle: “Manje angeke kwaba lula okwamanje, kepha kuzakuba buhlungu: kepha emva kwalokho kuzaletha injabulo noxolo kulabo abalungileyo abalusebenzisayo,” (AbaseHeberu 12:11).

Ukuhlupheka kwethu kanye nobunzima esihlangabezana nakho kusinikeza ithuba lokuba sifunde futhi sikhule,

futhi kungasenza siguquke esimweni sethu. Uma nje singazinikela kuKristu ngokuphelele kwethu, imphefumulo yethu ingahlanzeka njengoba sibekezela.

Ngakho-ke, okokuqala okumele sikukhumbule ukuba sithandaze ngaso sonke isikhathi (bona iMf&V 10:5; u-Allma 34:19–29).

Okwesibili ukuba siqhubeke nokugcina imiyalelo ngaso sonke isikhathi—noma kuyini esiphikisayo, isilingo, noma inhloko emaduzane nathi (bona uMosiya 4:30).

Okwesithathu okubaluleke kakhulu ukuba sisebenzele iNkosi (bona iMf&V 4:2; 20:31).

Ngenkathi sisebenzela iNkosi, sithola ukuyazi futhi Siyithande. Sizokwazi, ukubona isandla sikaMsindisi kanye nemfundiso yoMoya oNgcwele empilweni yethu, uma nje sibekezela emthandazweni futhi sisebenze ngokholo. Abaningi bethu esikhathini esiningi bazinikezele kulomsebenzi futhi bezwa lobo bungane. Uma ukhumbula emuva kuleso sikhathi, uzokhumbula ukuba bekunoshintsho kuwena. Ukulingeka ekwenzeni isono kwabukeka kwehlile. Isifiso sokwenza okuhle senyuka. Labo ababekwazi kangcono futhi ababekuthanda mhlawumbe bathi: “usunesihe futhi unesineke kakhulu. Awubukeki ungumuntu ofanayo.”

Wawungasayena umuntu ofanayo. Washintshwa yiNhlawulo kaJesu Kristu ngokuba wabeka ithemba lakho kuYena ngesikhathi senhlupheko empilweni yakho.

Ngiyakuthembisa ukuthi iNkosi izoza kuwe izokulekelela ekuhluphekeni ohlangabezana nakho uma nje uYifuna futhi uyisebenzela ukuze umphefumulo wakho uhlanzeke. Nginyaninxusa ukuba nibeke ithemba kuYena kubo bonke ubunzima enihlangabezana nabo.

Ngiyazi ukuthi uNkulunkulu uBaba Uyaphila nokuthi uyayizwa imithandazo yethu aphinde ayiphendule. Ngiyazi ukuthi iNdodana Yakhe, uJesu Kristu, wafela izono zethu futhi Ufuna sibuyele kuYena. Ngiyazi ukuthi uBaba kanye neNdodana basiqaphile futhi balungiselele indlela yethu yokuba sibekezela kahle futhi siphinde sibuyele ekhaya futhi.

#### **IMITHOMBO OKUTHATHWE KUYO LE MFUNDISO**

1. *Autobiography of Parley P. Pratt*, ed. Parley P. Pratt Jr. (1979), 120.

#### **IMFUNDISO EVELA KULOMLAYEZO**

Sonke sinobunzima esihlangabezana nabo obuvivinya ukholo lwethu kanye nekhono lokubekezela. Cabanga ngezidingo kanye nobunzima balabo obafundisayo.

Ngaphambi kokuba uvakashe, ungathandazela ukuba uyalwe ukuze uthole indlela elungile yokubasiza bakwazi ukubekezela kahle. Ungacabanga ngokuxoxisana nge-miyalo kanye nezincwadi zenkolo uMongameli u-Eyring azishilo, kanye nomthandazo, umsebenzi ngokusiza, kanye nokugcina imiyalelo. Ungathanda futhi ukuba wabelane ngemfundiso yakho nokuba wabusiwa kanjani ngezindlela eziningi ezenze ukuba ubekezela kahle.

## **INTSHA**

### **Ngesikhathi Umngane Wami Eshona**

NgSamantha Linton

**N**gesikhathi ngisemusha ngisesikoleni esiphakeme, umngane wami wayegula emqondweni wakhe wase eshona ngosuku olulandelayo. Noma ngangiyilunga leBandla, kwakunzima. Ngafundiswa impilo yami yonke ukuthi ngingabheka kuBaba oseZulwini kanye nakuMsindisi kunoma yini, kepha angikaze ngihlangabezane nento enjangalena ngaphambilini.

Ngakhala amahora ngamahora, ngizama ukuthola into—noma yini—ezongiduduza. Ngobusuku emva kokushona kwakhe, ngathatha incwadi yamaculo. Ngesikhathi ngiphenya amakhasi, ngabe ngithola, “Abide with Me; ‘Tis Eventide” (*Hymns*, no. 165). Ivesi lesithathu langithintha kakhulu:

*Iba nami; sekuyahlwa,  
Futhi ubusuku buzoba nesizungu  
Uma ngingakwazi ukukhuluma nawe,  
Nokuba ngithole kuwe ukukhanya.  
Ubumnyama bomhlaba, ngiyabesaba,  
Buzohlala ekhaya lami.  
O Msindisi, hlala nami kulobu busuku;  
Bona, kuyahlwa.*

Leli vesi langiduduza kakhulu ngoxolo. Ngazi ngaleso sikhathi ukuthi hhayi kuphela ukuthi uMsindisi wayezohlala nami ngalobo busuku kepha futhi wayekwazi nangendlela engangizizwa ngayo. Ngiyazi ukuthi uthando engaluzwa ngenkathi ngifunda leliya culo aluzange luphele ngalobo busuku kepha luhlezi lungisiza kobunye ubunzima engibubekezelelele.

**Umbhali uhlala e-Utah, eMelika**

Ungalayisha “Abide with Me; ‘Tis Eventide” ku [lds.org/go/7176](https://www.lds.org/go/7176).



# Ukuze Babemunye

*Ngomkhuleko funda lemibhalo ngenhloso yokufuna ukwazi ngalokho ongakhuluma ngakho. Ukuqonda injongo yeNhlango Yabesimame Yenkululeko kuwalungiselela kanjani amadodakazi kaNkulunkulu ukuba athole izibusiso zempilo engunaphakade?*

**Ukholo Umndeni  
Inkululeko**

“UJesu wathola ubunye obuphelele kanye noBaba ngenkathi ezinikela, ngenyama kanye nango-komoya, kwintando kaBaba,” lafundisa iGosa uTodd Christofferson womGwamanda wabaPhostoli abayiShumi namBili.

“... Eqinisweni angeke saba munye noNkulunkulu kanye noKristu ngaphambi kokuba senze intando Yabo kanye nabakufunayo kube isifiso sethu esikhulu. Ukuzinikela okunjalo akuvele kwenzeke ngosuku olulodwa, kepha ngoMoya oNgcwele, iNkosi izosifundisa uma sifisa kuze kufike, ekuhambeni kwesikhathi, kungashiwo ngokuqiniseka ukuthi Yena Ukithi njengoba uBaba Ekuye.”<sup>1</sup>

ULinda K Burton, onguMongameli Jikelele weNhlango Yenkululeko Yabesimame, wafundisa ngokusebenzela ukuze umuntu afinyelele kulolu bumbano: “Ukwenza futhi nokugcina izivumelwano zethu kuwukuzibonakalisa kwethu ukuthi sizimisele ukuba njengoMsindisi. Okulindekile ukuba sisebenze

kanzima ukuba sibe nesimilo esikhonjiswa emigqeni elandelayo yeculo engilikhonze kakhulu: ‘Ngizoya lapho *wena* ofuna ngiye khona. . . . Ngizosho lokho *wena* ofuna ngikusho. . . . Ngizoba yilokho *wena* ofuna ngibe yikhona.’”<sup>2</sup>

IGosa uChristofferson waphinda wasikhumbuza ukuthi “njengoba sizama usuku nosuku nesonto nesonto ukulandela indlela kaJesu Kristu, umoya wethu utshengisa amandla wawo, impi ngaphakathi iyehla, nezilingo ziyeka ukusiphazamisa.”<sup>3</sup>

UNeill F. Marriott, uMeluleki wesiBili kubuMongameli Jikelele wabesiMame abaseBasha, ubeka ubufakazi bakhe mayelana nezibusiso esizithola uma sisebenza kanzima ukuba siqondise intando yethu kanye nentando kaNkulunkulu: “Ngizamile ukulwa nesifiso senyama sokwenza izinto ngendlela *yami*, ekugcineni ngithole ukuthi indlela *yami* iyashoda, iyaphela, kanti futhi ayilungile ukwe-dlula ekaJesu Kristu. ‘Indlela ka[Baba wethu oseZulwini] iyindlela eholela

enjabulweni kulempilo kanye nempilo engunaphakade emhlabeni ozayo”<sup>4</sup> Make sisebenze kanzima ukuba sibe munye kanye noBaba wethu oseZulwini futhi neNdodana Yakhe, uJesu Kristu.

## ***Imibhalo eNgcwele kanye nolwazi olwengeziwe***

uJohane 17:20–21; AbaseEfesu 4:13; Imfundiso kanye Nezivumelwano 38:27; [reliefsociety.lds.org](http://reliefsociety.lds.org)

### **IMITHOMBO OKUTHATHWE KUYO LEMFUNDISO**

1. D. Todd Christofferson, “That They May Be One in Us,” *Liahona*, Nov. 2002, 72, 73.
2. ULinda K. Burton, “Amandla, Injabulo, kanye noThando lokugcina isiVumelwano,” *Liahona*, Nov. 2013, 111.
3. D. Todd Christofferson, “Ukuze Babemunye Kithina,” 71.
4. Neill F. Marriott, “Yielding Our Hearts to God,” *Liahona*, Nov. 2015, 32.

## ***Cabanga Ngalokhu***

Ukwenza intando kaNkulunkulu kususiza kanjani ukuba sibe njeNgaye na?